**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA U-OPERATION HLASELA EMAQADINI EMZINYATHI MHLAKA 27 NOVEMBER 2011.**

Mphathi woHlelo;
INkosi yaseMaqadini;
Izinduna zeNkosi;
Amakhansela wonke akhona;
Abamele amaqembu epolitiki;
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Abezokugcinwa komthetho;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuthola leli thuba sibonge kinina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mhlangano esiwuthatha njengobaluleke kakhulu. Siyazi ukuthi njengoba kuyiSonto nje kuningi enikwenzayo njengemindeni, kodwa nikhethe ukuba lapha nizokhombisa intshisekelo eninayo yokwenza indawo yenu ibe ngephephile nenenqubekela phambili.

Namhlanje usuku esithi sifuna ngalo ukucobelelana ngemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu walapha eMaqadini nezindawo ezingomakhelwane.

Njengoba sazi sonke, kulo Hulumeni wamanje ukulwa nobugebengu kubekwe eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo,ukulwa nobubha, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi esezingeni elifanele.

UHulumeni wentando yeningi ukuqonda kahle ukuthi ukuthuthukiswa kwabantu ngalezindlela engizibalayo kunegalelo elikhulu ekwehliseni ubuphofu, ububha, kanye nobugebengu obuhambisana nodlame.

Kube yinto esikhathazayo kwadingeka sisukumele phezulu uma sithola imibiko yokuthi nale ndawo ithanda ukugubuzelwa yisimo esesihlalise lubhojozi abantu bakithi.

NjengoNgqongqoshe wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kulesi fundazwe, ngajuba ithimba loMnyango ukuba lilandele imibiko engayithola ebuholini bale ndawo nokwabe sekuba nomhlangano ngo-October nazo zonke izinhlaka ezibambe iqhaza, ngenhloso yokuthola eminye imininingwane kanye nendlela eya phambili ngalokhu.

Kulowo mahlangano sathola ukuthi ziningi izigameko zobugebengu ezenzeka kule ndawo, kuhlanganisa ukudunwa kwezimoto, ukubulawa kwabantu, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukwebiwa kwezintambo zikagesi, ukudlwengulwa kwabesifazane nokuphazamiseka komphakathi okudalwa ngamathaveni endawo.

Lena yamathaveni ithande ukuba yinkinga impela ngoba nangemuva kocwaningo lwethu siwuMnyango kule ndawo, sithole ukuthi iningi lale mikhuba engiyibalile ngenhla iqhamuka khona kuwona la mathaveni.

Abonakele ukuthi ayingxenye enkulu yale nkinga yobugebengu lapha eMzinyathi njengoba futhi iningi lawo awayilandeli imigomo yezikhathi zokuvala njengoba kubalula i-Liquor Licensing Board.

Okunye okusiphatha kabi ngalezi zindawo zokuphuza utshwala ngukuthi yintsha yakithi ebhubha khona. Angisayiphathi-ke eyamantombazane amancane ahlala khona aphuziswe amadoda amadala agcina esefuna ukulala nawo kanti asezowashiya nenkahlankahla yengculazi.

Sitholile futhi ukuthi abantu sebebuye bafune ukusebenzisa izindlela zoqonda abazithathela umthetho ezandleni. Sibona ukuthi lokho kudalwa ngukungabikhona kokuxhumana kahle phakathi kwamaphoyisa nomphakathi.

Yizona zonke lezi zinto ezenze sathi njengoMnyango kumele nakanjani singenelele kule ndawo sizokhuluma ngalezi zindaba zokulwa nobugebengu ngaphansi kohlelo lokwakha umbimbi lokulwa nobugebengu, esithi i-'Building a United Front Against Crime', esiluqhuba ngomkhankaso ka-Operation Hlasela.

Asiqali-ke ukuza kule ngxenye yeTheku njengoba sesike saba KwaMashu, kodwa sasihambele yonke le ndawo ebizwa nge-INK – Inanda, Ntuzuma, KwaMashu – kulandela izibalo zobugebengu ezazikhishwe ngo-2009/2010 nemibiko yabezindaba okwakukhombisa ukuthi izakhamuzi sezikhungethwe ukwesaba ngenxa yezigameko zobugebengu kuleya ndawo.

Sekungumlando-ke manje ukuthi izibalo zobugebengu kusuka mhlala 1 April 2010 kuya ku-31 March 2011 ziveze ukuthi KwaMashu kube nokwehla okukhulu kokubulalwa kwabantu kusuka ku-235 ngonyaka owandulele kuya ku-78 kulo mbiko wakamuva.

Siyakholwa-ke ukuthi ukungenelela okunjengalokhu esikwenzayo lapha namhlanje, kube nesandla esikhulu kuloku kwehla kwezibalo. Namanje sisabonga nje kubo bonke ababambe iqhaza basebenzisana nathi ekulweni nobugebengu kuleya ndawo.

Izolo futhi besilaphaya eNewlands sikhuluma zona lezi zindaba, nakhona ubuholi nomphakathi wakhona abazibophezele ngokusukuma bathathe indawo yabo ukuqinisekisa ukuthi senza izindawo zethu zibe okuhlalekayo kuzona.

Angazi-ke noma nina lapha nifuna ukwehluleka ukubumbana ninodwa bese nibambisana noHulumeni ekulweni nobugebengu ukuze kube nokuphepha nenhlalakahle endaweni yenu.

Angazi noma nifuna ukuqopha umlando wokuthi nahlula ngisho sekufike uNgqongqoshe nangakwazi ukusukuma nithathe indawo yenu niyibeke eqophelweni elifanelekile kwezokuphepha ukuze nikwazi ukuthokozela inkululeko eyalwelwa kanzima, abanye abaze.

Kodwa futhi njengoba ngibalula ukuthi kumele sisukeme sibambe iqhaza ekulweni nobugebengu, ngifisa ukusho ukuthi njengoHulumeni sisembhidlangweni omkhulu wokuvuselela onembeza kubantu bakithi.

Sithi abantu mabakhulume nonembeza babo noma besebenzisa umgwaqo noma beziqhubela impilo yabo yemihla ngemihla. Sithi njengoba sekuyisikhathi sikaKhisimusi nje, abantu mabangaziphathi sengathi akuseyophinde kube nomunye uKhisimusi.

Ngakho-ke sibe sesethula umkhankaso wethu esiwubiza ngo-Operation Val'ingozi. Kulo mkhankaso umyalezo wethu ucace kahle uthi: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.** Lapha sikhuluma nabasebenzisi bomgwaqo kanye nezigebengu uqobo.

Ngemuva kokuwethula eThekwini ekuqaleni kwale nyanga, sibe sesithatha isinqumo sokuwusabalalisa kuzo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo lapho sihamba khona, sikhuthaze ukuba kubanjiswane ekuvaleni izingozi noma ngabe ezaluphi uhlobo.

Lo mhlangano-ke nawo usube yinkundla yokuba siwuse phambili lo mkhankaso njengoba sihlangene sibe siqhamuka ezinhlakeni ezahlukene. Lokhu kusho ukuthi njengoba sizobe sixoxa sabelana ngemibono, kuzomele siqhamuke nezindlela ezizolekelela lo mkhankaso ukuba uye phambili.

Okunye futhi esikushoyo ngalo mkhankaso ngukuthi imiphakathi mayisebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu bese iyawavikela futhi nawo amaphoyisa akithi. Masiwasindise amaphoyisa – okungabavikeli bethu - ngokuthi sikhulume uma sinolwazi ngetulo lokubulawa kwephoyisa.

Masisebenzisane nezinhlaka zokuphepha emiphakathini njengama-Community Policing Forum (CPF) namakomiti emigwaqo lapho sihlala khona. Masiqaphele ukungazithatheli umthetho ezandleni zethu, kodwa asibabike emaphoyiseni abephula umthetho, abahlukumeza umphakathi, abesifazane, izingane, abantu abadala nabakhubazekile emiphakathini yethu.

Njengoba bese ngike ngasho, lona ngumhlangano wethu sonke wokuba sixoxisane. Ngithatha leli thuba ukuba ngivule inkundla ngithi konke okuzokhulunywa lapha makube okuzosiyisa phambili sifeze umgomo wethu wokuba silwe nobugebengu sivale izingozi, kusuka manje kuze kube uKhisimusi siqhubeke nangemuva kwawo.

**Ngiyabonga**